

## **ISITATIMENDE SABEZINDABA MAYELANA NOKUGWETSHWA IMINYAKA EYI-7 KWESISEBENZI SAKWASARS NGENKOHLAKALO**

**Tshwane 17 kuLwezi 2022 –** Uphiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika lusamukele isigwebo seminyaka eyi-7 esinikwe omunye wethu, uMnu. Malatse Kolokoto sikhishwa yiNkantolo kaMantshi yase-Palm Ridge emva kokulahlwa yicala lenkohlakalo. Lokhu kusukela esigamekweni lapho umsolwa axhumanisa ukuthi isihambi sishiya izwe nezimpahla ngaphandle kokudalula okufanele.

Ngeshwa lesisebenzi, i-CCTV Footage imshuthe amukela umehlokaboni ukusiza isihambi sibalekele inqubo yokudalula, okuphambanayo nokuhlinzekelwa iSigaba 15 noMthetho 15 woMthetho Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni.

Isihambi sabe sesiboshwa yisisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kanye ngesikhathi sesizohamba ngendiza eya pheshey. Sacelwa ukuba sidalule zonke izimpahla esiziphethe nalapho aveza khona amawashi asesihlakaleni e-Rolex ayi-6 ayesesikhwameni kodwa engenalo ifomu eliwadalulayo. Waboshwa, nokwathi emva kwalokho kwaboshwa umsolwa.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uncome ukwethembeka nesibindi sesisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni hhayi nje ngokuba namehlo okhozi kodwa sikhishwa ukuxhumanisa ukuboshwa kukaMnu. Kolokoto. Uthe “ngokulandela imigomo yakwaSARS yokuthembeka, isithunzi kanye nokwenza umsebenzi ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela nokubandlulula, isisebenzi sakwaSARS seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lizinqandile ekubandakanyekeni ebugebengwini noma ukwenza sengathi asiboni lapho uzakwabo enza okuphambene nalemigomo. USARS ubekwe endaweni yokwethenjwa ukuqirisekisa ukuthi imithetho esiyiphethe kube yimithetho esetshenziswa ngokuphelele, kanti nobani ophambana nalokhu ufanelwe isigwebo esinzima”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane nabakwaSARS [ku-SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)